**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI ENSONGWENI KWANONGOMA MHLAKA 17 DECEMBER 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ngenkathi sethula isabelo mali ekuqaleni konyaka sathi lo nyaka siwuqondise ku-Operation KuShunquthuli. U-Operation kuShunquthuli usho ukwakhiwa kwemigwaqo, ukwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo nawezimoto, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

- Siyazi ukuthi njengezwe, imisebenzi yethu igxile ku-2010. Kodwa njengoMnyango wezokuThutha sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka nokuletha imigwaqo emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Ngakho-ke isabelo mali sethu sisiqondise ezindaweni ezinjengoNongoma, lapho abantu besahamba amabanga amade beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini. Sithi njengohulumeni asikwazi ukuvumela isimo lapho othisha nabafundi kumele bakhumule nsuku zonke uma bewela imifula beya esikoleni.

- Ngenkathi sihambele imizi yakule ndawo muva nje, kwangethusa kakhulu ukuthi kunabafundi abahamba amahora amabili beya esikoleni futhi kunabantu abahlala phakathi kwemifula emibili. Uma le mifula igcwele abakwazi ukunyakaza labo bantu.

- Yingakho namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo nebhuloho ngesamba sika-R6,7 million. Umsebenzi wokwakha uzodala amathuba emisebenzi kubantu bendawo kungene nemali endaweni.

- Lokhu kuzokwengeza phezu kuka-R1,5 billion uMnyango wezokuThutha owufake eZululand ukubhekana nenselelo yengqalasizinda. Siyazi ukuthi iZululand ingenye yezindawo esifundazweni ezibekwe phambili ekulethweni kwezidingo.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusiza abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Yingakho-ke namhlanje sesikwazi ukubona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu. Ngempela imisebenzi iyabonakala.

- Okunye esithe isabelo mali sisiqondise kukona ezokuphepha emgwaqeni. Sesihambele imindeni eminingi kulesi fundazwe ethinteke ezingozini zomgwaqo. Sibubona kahle ubunzima obubhekene nabantu abashiywe ngabantu abondla imindeni ngenxa yezingozi zomgwaqo.

- Izwe lethu alikwazi ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abaningi kangaka abanye balimale kanzima nsuku zonke. Akukona nje ukuthi kubuhlungu ngendlela engachazeki kwabalimele nasemindenini yabashonile, kodwa kunemali engaphezulu kuka-R43 billion elahlekela leli lizwe minyaka yonke.

- Sisekhona kwezokuphepha emgwaqeni, kunohlelo esilusabalalisayo lokuqeda imfuyo ewuvanzi emgwaqeni, esithi i-Road Monitor Programme. Luphinda lubhekane nezinselelo zokuntuleka kwemisebenzi nokulwa nobubha.

- Inkinga esibhekene nayo kulezi zindawo ngukwebiwa kocingo lokubiya nokusetshenziswa kwezindawo ezigudle umgwaqo njengamadlelo nokuthi imiphakathi engapha nangapha komgwaqo idinga ukunqamula imigwaqo ukuze ixhumane.

- Lolu hlelo luzonika amathuba emisebenzi kwabesifazane abangu-50% nentsha engu-50%. Lapha kunikwa abantu bendawo amabhayisekili nezimpahla zokuphepha bese behambahamba ibanga elithile lomgwaqo basuse noma iyiphi imfuyo ewuvanzi emgwaqeni.

- Sengiphetha, mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.

- Ninelungelo lomthethosisekelo lokuthola izidingo. Noma ngabe, ngesizathu sakho, awulivotelanga iqembu eliphethe uhulumeni unelungelo lempilo engcono.

**Ngiyabonga**